**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULWA KWEBHULOHO INYALAZI EMTUBATUBA MHLAKA 30 JANUARY 2014.**

INkosi yesizwe saKwaMkhwanazi;
AmaKhosi aseNdlunkulu akhona;
Amalungu esiShayamthetho;
IMeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Imboni yezokuthutha umphakathi;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Kuyintokozo ukuthi siphinde sibuye sizohlangana nomphakathi walapha eMtubatuba naseMkhanyakude sizowubongela sithi halala ngentuthuko eqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe.

Kodwa futhi usuku lwanamhlanje ngolokuthi sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana noHulumeni nivume ukuthi kungene izinhlelo zentuthuko endaweni yenu.

Namhlanje sikhuluma ngokubambisana kwethu nani ngoba yikona phela okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona.

Akusadingi silokhu sigcizelela manje ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi.

Lokhu kubonakala nangokuthi emiphakathini lapho sekulethwe khona le ngqalasizinda, abantu babonga bangaphezi ngokuthi isifundazwe sesinoHulumeni okwazi ukuphendula ezidingweni zabantu.

Lapha esifundeni saseMkhanyakude jikelele sesibone kaningi ukuthuthukiswa kwemigwaqo nosekwenze ngcono impilo kubantu abaningi.

Imiphakathi eminingi ezindaweni zaseMkhanyakude ezingamakhaya, manje ijabulela ukufinyelela ezindaweni lapho abantu abahlala emadolobheni nasemalokishini bekuthatha kalula nje ngoba bazalwa ikhona le ngqalasizinda.

Bathi babona uHulumeni owaziyo ukuthi uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bawo – kuyobe njengoHulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu balesi sifundazwe.

Kafushane nje engiqonde ukukusho lapha ngukuthi baningi ohulumeni asebafika badlula ezweni lethu, kodwa kuyaqala emlandweni wesifundazwe sethu ukuthi sibone izimpilo zabantu ziba ngcono ngalolu hlobo.

Umgwaqo nebhuloho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako. Lapha-ke niyazi nonke ukuthi sisho ukuthini ngalokhu ngoba senake nakuzwa ukushaywa indiva iminyaka engekho oninakile.

Niyazi ukuthi manje seniyakwazi ukuya emsebenzini, ezikoleni, ezitolo edolobheni, emitholampilo, ukuyongcwaba emathuneni noma nivakashele izihlobo nabangani, ngoba uHulumeni wenu usenenzele kwaba lula lokho ngokwakha ingqalasizinda yamabhriji endaweni yenu.

Siyazi ukuthi lokhu kusho ukuthini kinina futhi siyajabula ukuthi nikwazile ukukhetha uHulumeni oqonda futhi anake izidingo zenu.

Esiyaye sikuthande futhi sikubonge kakhulu njengoHulumeni emiphakathini yakithi yindlela enisibekezelela ngayo.

Siyazi phela ukuthi ngenxa yobukhulu besifundazwe nezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo, kuyenzeka eminye imisebenzi ithathe isikhathi eside ukuba siyiqale emiphakathini yethu.

Sesiwabonile futhi namathuba emisebenzi eya ngokwanda kulezo zindawo okwenziwa khona imisebenzi yengqala-sizinda yomgwaqo.

Kunenqwaba yosonkontileka abasafufusa abahlomulayo. Ezinye izinkampani zokwakha seziqashe abantu ngokuphelele ngenxa yokuzinikela kwabo emsebenzini wabo nokuyinto esizigqajayo ngayo ukuthi abantu bawathathela phezulu amathuba aqhamuka noHulumeni abamkhethayo.

Namhlanje-ke sithi singumNyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sidlulisela ngokusemthethweni ibhuloho lomfula iNyalazi elidle isamba sika-R16 million.

Ngakho-ke sithatha leli thuba sithi siyawubongela umphakathi ikakhulukazi waKwaMpukunyoni okuyiwona osuhlomule kakhulu lapha. Lapha kuzosizakala nabantu abaya eMadwaleni naseMpukunyoni Clinic nabafundi abaya ezikoleni iBhelebane, iBongubuhle, eMadwaleni, Shikishela Nkosana naKwaMnandi.

Ngaphandle kwalo msebenzi esiwudlulisa ngokomthetho namhlanje, ikhona neminye imisebenzi eminingi okungashona ilanga uma siyibala esiyenzile kule minyaka emihlanu edlule kule ngxenye yesifundazwe ngaphansi koMkhanyakude.

Ngaphansi kohlelo lomNyango lokwakha imigwaqo engenela emiphakathini, esithi ama-access road, kulo nyaka wezimali esikuwona nesizowuqeda ngokuphela kukaMarch kunemigwaqo esifake imali engu-R15.8 million ukuba yakhiwe kule District.

Lapha eNkosini yaKwaMpukunyoni kuleyo migwaqo kukhona uGiloki Local Road ku-Ward 9, uBhekumusa ku-Ward 19, uShunqa Locala Road ku-Ward 12 noMsolweni futhi ku-Ward 19.

Le mali sihlele ukuyenyusa kulo nyaka ka-2014/2015 esizowuqala ngo-April iye ku-R17 million.Phakathi kwemigwaqo esibheke ukuba yakhiwe lapha KwaMpukunyoni kuleyo mali, kukhona Esiqiwini Local Road ku-Ward 18, uNdabandaba Road ku-Ward 4 noMchakwini ku-Ward 11.

Kule misebenzi silindele ukuba kugcine sekwanda nesibalo sosonkontileka bakaZibambele abazogcina le migwaqo isesimweni. Njengamanje babalelwa ku-345 oZibambele abasebenzi imigwaqo ngaphansi kukaMasipala waseMtubatuba.

Lapha asikhulumi ngabantu nje kuphela, kodwa sikhuluma ngemindeni engu-345 eseyikwazi ukubeka isinkwa etafuleni ngenxa yohlelo lwalo Hulumeni lokulwa nobubha.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoba sazi ukuthi lona ngunyaka wokhetho lukazwelonke nezifundazwe, sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokhetho.

Ukuzibophezela emgomweni wokuziphatha okwenziwa ngamaqembu ethu epolitiki njalo ngesikhathi sokhetho, kumele sikubone kuthela izithelo emazingeni aphansi.

Siyagcizelela ukuthi makungabi khona umuntu ophoqa noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngesikhathi sokhetho.

Okumele nikuqaphele ngukuthi uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu yisigilamkhuba okumele nisibike kwabomthetho. Umuntu owenza loko kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi, ngakho kumele abhekane nabomthetho.

Ngalawo mazwi ngithi masibambisane sakhe isizwe esikhululekile ndawonye.

**Ngiyabonga**